

## **UKUVOTA KWEZWELONKE KWANGO 2019**



“Kumele ngenze ngokusemandleni ami ukuthi babuse kahle, futhi kumele ngihlanganyele kwezepolitiki ngokusemandleni ami. Ipolitiki ngokweMfundiso yeNkolo Yomphakathi/ Yokuhlalisana ngolunye uhlobo lokuzinikela oluphakeme, ngoba ifeza izidingo zomphakathi. Angeke ngigeze izandla zami...” – **Umupapa uFrancis**

### **Angeke ukwazi ukuvota uma igama lakho lingekho kuhlu lokuvota!**

**Ngizibhalisela kanjani kuhlu lokuvota?** Ikomishini Elizimele Lokhetho likhetho impelasonto ka 26 no 27 uMasingana/January 2019 njengezinsuku zokuzibhalisela. Zonke iziteshi zokhetho zizobe zivuliwe, abasebenzi bazobe bekhona ukukulekelela ukuba uzibhalise.

**Kudingeka ukuba ngiphatheni?** Phatha incwadi yakho yokuzazisa eluhlaza, noma ikhadi lokuzazisa, noma incwadi yokuzazisa yesikhasana.

**Ngihlola kanjani ukuthi igama lami likhona yini kuhlu lokuvota?** Indlela elula ukuhlola uhlu ku-[www.elections.org.za/content/](http://www.elections.org.za/content/) noma thumela inombolo kamazisi wakho ngomlayezo omfushane (SMS) ku 32810 (Umlayezo ngamunye ubiza irandi elilodwa -R1.00) noma vakashela isiteshi sokuvota esiseduze nawe ngempelasonto yokuzibhalisela.

**Kwenzakalani uma ngingaphumelelanga ukuyozibhalisela ngempelasonto ka 26 no 27 uMasingana/January?** Ungazibhalisela ehovisi le IEC noma kunini. Kunamahovisi eIEC yonke indawo. Bheka kuwebusayidi ye IEC noma shayela ucingo ku 0800 11 8000 ukuthola ulwazi ngehovisi eliseduze nawe.

**Ngingakwazi yini ukuzibhalisela noma ngingakahlanganisi iminyaka engu18 (ishumi nesishangalolunye)?** Yebo uma unomazisi ungazibhalisela kusukela eminyakeni engu16 (ishumi nesithupha). Kungumqondo omuhle ukuzibhalisela uma usunomazisi, ngaleyondlela uyobe usulungele ukuvota uma usuneminyaka engu18 (ishuminesisha galombili).

## *Yini injongo yokuzibhalisela ukuvota? Ngathi azikho izinguquko ezenziwa ngukhetho...*

Sonke siyaphikisana nezopolitiki ngezinye izikhathi.

Wonke uMzansi Afrika abantu abantulayo babhekene nezinqinamba zokuntuleka kwemisebenzi, zobugebengu, ukuhlupheka, isimo esingesihle ezikolweni, izibhedlela eziminyene, nekusasa elingaqondakali kahle. Yize kunjengoba iningi losopolitiki libhekene nezikhundla kwezombusazwe, hayi izidingo zomphakathi. Kepha akumele siyeke ukusebenzela ikusasa elingcono...

### *Sibhekana kanjani nalesimo?*

Kunye engiqiniseke ngako: uma sifulatela ipolitiki, singasebenzisi ilungelo lethu lokuvota, isimo ngeke siguquke. Ukuvota kungawenza umehluko. Kungathumela abantu namaqembu ezipolitiki alungile ephalamende, kungathula/kungasilethela esopolitiki abanenjongo ngezombusazwe futhi kungenza osopolitiki ababi ukuba bashukume baqale ukusebenza kakhulu nabo.

UPhapha uFrancis usikhumbuza ukuthi: "Ipolitiki isenzo sobuqhawe, kumele siyibuke nkathizonke, zinikele kuyo njengomsebenzi owubizo, zinikele ngokuphelele kuhle komfelukholo, ufele okufunwa wumuntu wonke".

Esikhathini esedlule iningi laseMzansi Afrika lalizidela lifela okuhle okudingwa uwonkuwonke, kepha esikhathini samanje bambalwa abangakwenza loko. Sibiziwe sonke ukwenza esingakwenza - esingakwenza ukuvota. Ngokocophelela nangomthandazo.

### **Qiniseka ukuthi uzibhalisele ukuvota ngesikhathi!**

Ukuthola imininingwane nolwazi lwakamuva ngokuvota hlola iwebusayidi ye IEC- [www.elections.org.za](http://www.elections.org.za)



Lencwajana ishicilelwe ngokuhlanganela nabehlangano eHanns Seidel

“Sonke sinobopho nelungelo lokuhlanganyela kwezombusazwe. Ukhetho lusinika ithuba lokusebenzisa isithunzi esisiphiwe nguNkulunkulu sokukhetha umbusi ozosiphatha kahle - musa ukushiyeke, qiniseka ukuthi ukubhalisela ukuvota.”  
– *Umbhishophi uSithembele Sipuka, uMongameli waseNingizimu Afrika weNkomfa yabaBhishobhi bamaKatolika.*